



Kuyini ukulaliswa kwengane yakho ngaphambi koqhaqho?

Isenzo sokulalisa ingane yakho ukuyinika umuthi ozoyenza izumeke, ilalale, ingezwa, ingaboni lutho kanti futhi ingaziswa izinhlungu ngesikhathi yenziwa uqhaqho.

Udokotela ojani owenza umsebenzi wokulalisa?

Lona ngudokotela okhethekile owenza lomsebenzi wokulalisa (kwesinye isikhathi ubizwa ngokuthi ngumlalisi), abuye anakekele ingane yakho ngesikhathi yenziwa uqhaqho. Okwethu ukuqinisekisa ukuthi ingane yakho iphephile, inethezekile, futhi inikezwa umuthi ukuqeda izinhlungu. Udokotela osebenza kwigumbi lokuqhaqha.

Ngaphambi kokuthi uze esibhedlela:

Ingane yakho kumele ilungisilelwe uqhaqho ngolimi ingane eluzwayo. Njengomzali wengane kumele unikezwe imiyalelo ecacile ephathelene nokuthi ingane yakho igcina ngasiphi isikhathi ukudla kanye nokuphuza ngaphambi koqhaqho. Kubaluleke kakhulu ukulandela lemiyalelo ngoba ukudla noma uketshezi olusesiswini sengane yakho kungakhuphuka kuye emiphinjweni kuze kulimaze amaphaphu engane ngalesikhathi ilaiswa noma isilele. Ukwenza konke loku kubelula enganeni sicela ungadli noma ungaphuzi phambi kwayo.

Ingane yakho kumele igcine ukudla okuthambile, **noma ubisi lwenkomo/ iformula emahoreni AYISITHUPHA** ngaphambi koqhaqho. Ingane yakho ungayincelisa kuze kushaye amahora amane ngaphambi koqhaqho. Ingane yakho kumele igcine ukuphuza iziphuzo ezihlubile emahoreni amane ngaphambi koqhaqho. noma ezikhanyayo okwamanzi (sisho iziphuzo ongakwazi ukufunda amagama ephaphandaba lapho ulibeka ngaphansi kwesiphuzo) njengo jusi we-apula, i-Orosi, emahoreni amabili ngaphambi koqhaqho, kodwa azivumelekile iziphuzo ezinegwebu, ezakhiwa ngobisi, njenge Tropicana, noma lezi ezinenhlaiya njengo jusi we wolintshi.

Ngaphambi koqhaqho:

Udokotela ongumlalisi uzokuvakashela ewodini ngaphambi kokuthi uye kwigumbi lokuqhaqha.

Sicela usazise mayelana nezifo zengane yakho, imithi engezwanani nayo (aleji), Kanye nokuqhaqha (ukuhlinzwa) okwakhe kwenziwa enganeni yakho ngaphambilini.

Uma ingane yakho isenesikhshana iphethwe umkhuhlane noma ibikhohlela okanye ibine chicken pox sicela usazise. Sizoxoxa nawe mayelana nokukhathazeka noma imibuzo ongahle ubenayo, siphinde sikhulume ngezindlela ezahlukene esingakwazi ukusiza ingane ingezwa zinhlungu.

Kwesinye isikhathi kuyaphoqeleka ukuhlehlisa uqhaqho lwengane ukuze kwenziwe ngesikhathi esiphephile kuyona, umzekelo nje: uma isaxinwe umkhuhlane, noma isikhathi esanele singakadluli ingane ikugcinile ukudla. Ezinye izingane zingasizakala ukuthola umuthi wokwehlisa uvalo ngaphambi kokufika egumbini loqhaqho. Lokhu kungaxoxwa nomlalisi wengane yakho.

Wamukelekile ukuphelezela ingane yakho egumbini loqhaqho. Khululeka umphathele noma yhini ezoduduza ingane, njenge thoyisi alithandayo, ingubo, ibhuku noma idummy.

Wamukelekile ukuletha noma yhini ezomthikameza angakunaki okwenzakalayo ngesikhathi elaliswa, okufana nomdlalo noma inganekwane esocingweni noma kwi ipad.

Ukulaliswa kwenziwa ngokufaka umuthi ngomjovo ongena emthanjeni wegazi, mpama ngokuhogela umoya onomuthi olalisayo.

Udokotela olalisayo uzoxoxisana nawe mayelana nokuthi

iyiphi kulezindlela zokulalisa efanele ingane yakho ningekafiki egumbini loqhaqho.

Sicela usazise uma unolwazi lokuthi yiyiphi kulezindlela zokulaliswa engafiswa yingane yakho. Abanye abantwana abaqali ukuthola uqhaqho, ngakho bangakwazi ukuzikhethela indlela yokulaliswa abayifisayo.

Uma ingane ikhetha ukulaliswa ngomjovo, sizomgcoba umuthi odambisa imizwa yezinhlungu esandleni lapho sizomjova khona ngaphambi kokufika egumbini lokuhlinzwa. Uma umntwana elaliswa ngokuhogela umoya onomuthi olalisayo, sisebenzisa isifonyo (mask) esimboza umlomo namakhala akhe ukuze athole lomoya. Lomuthi ohogelwayo unephunga elingafaniswa elomuthi wokususa upende wamazipho (nail polish remover), okanye iKokhi pen kodwa awubuhlungu neze.

Loluhlobo lokulaliswa lungathatha isikhashana ukusebenza, kanti futhi ingane yakho ingabonakala inyazakisa umzimba wayo ngendlela engajwayelekile uma isilala. Lokhu kuywayelekile futhi Sizokusekela, sixoxisane ngakhho. Siyaqonda ukuthi akusibona bonke abazali abangathanda ukungena neengane zabo egumbini lokuhlinzwa. Awuphoqelekile ukungena egumbini lokuqhaqha nengane yakho uma ungathandi. Sikhona sizoyinakekela ingane yakho uma ungekho.

Ngesikhathi soqhaqho:

Udokotela olalisa izingane uuzohlala nengane yakho ngaso sonke isikhathi ihlinzwa, eyibhekile, eyipha amanzi ngomjovo, eyinika imithi kanye nomuthi ozomsiza ukuqeda izinhlungu ngendlela ayidingayo.

Ngemuva koqhaqho

Ngemuva koqhaqho, ingane yakho izosiwa egumbini lokuphaphama kwabakade beqhaqha.

Lapho izonakekelwa onesi abaqeqeshelwe ukusebenza kuleligumbi. Uma ingane isiphapheme ngokufanele, uzobizwa uzohlala nayo. Uyacelwa ukuthi umphathele okungahle kumduduze, okungaba yithoyisi alithandayo, ingubo, noma ibhodlela.

Uyaziswa ukuthi ingane yakho ingabonakala ididekile, kanti futhi ikhombise ukungakwazi uma isiqala ukukubona yenziwe ukuzithola isendaweni engayazi Kanye nemithi ebeyinikezwa yona, uma isiphaphama. Konke lokhu kujwayekile futhi kuzodlula.

Uma usubuyela emuva ekhaya, ezinye izingane zitetema kakhulu kunokujwayele futhi kwesinye isikhathi ingalali kahle ebusuku izinsukwana nje ezimbalwa. Lokhu kudinga ukuthi umqinisekise nje kuphela umntana.

Okubi okungase kwenzekile/ izinkinga ezingase zenzeke ngesikhathi usenza uqhaqho/ ngemuva koqhaqho.

Izehlo ezimbi ezijwayelekile/ ezivamile azizimbi kakhulu, ziyashesha ukuphela, kanti futhi ziyelapheka. Lokhu kuquka ukubanesicanuano sokuphalaza (noma singahle sihambisane nakho ukuphalaza), ubuhlungu bomphimbo Kanye nekhanda elibuhlungu. Ingane yakho ingaziswa inesiyezi, noma ibonakale ididekile okwesikhashana.

Imiphumela emibi kakhulu ingase yenzeke uma ingane yakho ithole umuthi engezwanani nayo njenge aleji "allergic reactions" azivamisanga kwenzeka futhi siyakuqapha. Udokotela uzokhuluma nawe ngemiphumela emibi eyehlele ingane yakho lapho izoqhaqha.

Ubungozi

Njengokushayela imoto yakho, alukho uqhaqho olungenabo ubungozi, kodwa ke, esikhathini samanje izindlela zokulalisa, imithi kanye nezindlela zokuqhaqha umuntu olalisiwe. Kanti futhi nokuphepha kulomsebenzi wokulalisa kuyazama ukwenzwa uqhaqho luphephe. Uma unemibuzo mayelana noqhaqho lwengane yakho sicela ukhululeke ukuyibuza udokotela ongumlalisi wakho.